



# basic education

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

**IBANGA LE-12**

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**FEBRUWARI/MASHI 2011**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: amahora ama- $2\frac{1}{2}$**

**Leli phepha linamakhasi ayi-8.**

**IMIYALELO KWABAHOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba	(50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Abahlolwayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Abahlolwayo mabaqale umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo. Uhlaka malube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: amaminithi angama-80.
ISIQEPHU B: amaminithi angama-40.
ISIQEPHU C: amaminithi angama-30.

7. Ungaziguqli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepeni lemibuzo.

8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele lapho kudingeka khona. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.

9. Abahlolwayo mabaqaphelisise upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: (Izindaba)
• Ubude bendaba
Bhala amagama angama-340 kuya kwangama-390.

ISIQEPHU B: (Umbhalo owedlulisa imiyalezo)
• Ubude bombhalo
Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.
QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

ISIQEPHU C: (Imibhalo emifishane enemiyalezo)
• Ubude bombhalo
Bhala ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.
QAPHELA: Abahlolwayo bayayalwa ukuba babhale uhlobo lwalowo mbhalo abawuphendulayo.

**ISIQEPHU A: INDABA****UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

**QAPHELA:** Ungakhohlwa ukwenza uhlaka lwendaba yakho ngoba lunamamaki.

- 1.1 Abantu abanangi abasebenzi. Abasebenzayo imali abayiholayo ayizifezi izidingo zabo. Lokhu kubangelwa ukuthi indlela yokonga imali abanayo ukuze bakwazi ukubhekana nezidingo zabo.  
 Bhala indaba ezoveza ikhambi okumele lisetshenziswe ukuze abantu bafunde ukonga nokusebenzisa imali ngendlela efanele. Yinike **isihloko** indaba yakho.

[50]

**NOMA**

- 1.2 Sasingazi ukuthi senza izinto nje ebusuku kukhona abasilandelayo ngesineke esikhulu. Asikholwanga ngelinye ilanga sesibaniwe sebesitshela ukuthi kade belokhu besilandela. Bhala indaba usebenzise lesi sihloko: **Akukho Qili Lazikhotha Emhlane.**

[50]

**NOMA**

- 1.3 Udumile endaweni yangakini ngemibono eyakhayo. Kunesikole ebisdumile ngenxa yemiphumela yaso emihle kanye nokuvelela kwaso kwezemidlalo, kodwa manje akekho umzali ofuna ukusa ingane yakhe kulesi sikole ngenxa yesimo esibi esesiysiona. Bhala indaba uveze imibono engenza ukuba leso sikole sibuyele esimwensi saso. Sebenzisa lesi sihloko: **Izinto Zisengabuye Zilunge.**

[50]

**NOMA**

- 1.4 'Abafundi kufanele bakwazi ukuzikhethela abafisa ukuba yikho uma sebekhulile ngaphandle kokutshelwa abazali.' Bhala indaba ngalesi sitatimende **ubuke amacala omabili** esimo sokubuka izinto. Yinike isihloko indaba yakho.

[50]


**NOMA**

- 1.5 Izinkinga ezinhlobonhlobo emindenini zikhomba ukuthi konakele, kumele kube khona okwenziwayo. Bhala indaba ezochaza ngalezi zinkinga uphinde uqhamuke nezimbangela kanye nezixazululo lapho kudingeka khona. Yinike **isihloko** indaba yakho.

[50]

**NOMA**

- 1.6 Sihlangene ngokwehlukana kwamasiko eNingizimu Afrika. Bhala indaba uyisusele kulezi zithombe ezilandelayo. Yinike **isihloko** indaba yakho.




uNkosikazi womPedi



uNkosikazi weBhunu



uNkosikazi womNdebele




Insizwa yomZulu

[Pretoria News, 30 September 2009] [50]

**NOMA**

- 1.7 Ukucobelelana ngolwazi nokubonisana kontanga bengekho emagunjini okufundela kwenza impilo yabafundi ibe nezithelo ezinhle. Bhala indaba uyisusele esithombeni esingezi. Yinike **isihloko** indaba yakho.



[Ilanga leTheku, 24 September 2009]

[50]

## NOMA

- 1.8 Izimfashini ezinhlobonhlobo sezaba yigugu entsheni yanamuhla. Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ubhala indaba ngazo. Yinike **isihloko** indaba yakho.



[50]

AMAMAKI ESIQEPU A: 50

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.

- 2.1 Umama onengane yentombazane ukhathazekile ngengane yakhe ekhombisa ukungasithandisisi isikole. Ube esehlala nayo phansi wayeluleka ngokubaluleka kwemfundo esikhathini samanje. Bhala **ingxoxo** phakathi kukalo mama nendodakazi yakhe. [30]

**NOMA**

- 2.2 Abafundi baseNdumiso High School bebanga leshumi nambili benza amalungiselelo omcimbi wokuvaleliwa kwabo ozoba kude nesikole. Wena njengomholi woMkhandlu Wabafundi bakucelile ukuba ubhalele uMqondisi wakwa-Spar Super Market, 245 Prince kaSeme Street, Durban, 4000, ukuba anixhase ngemali yokudla kanye neyokuhamba njengoba niyohlala impelasonto lapho niya khona. Bhala **incwadi** ezokwenza uMqondisi angangabazi ukunixhasa. [30]

**NOMA**

- 2.3 Njengoba sekusondele izinsuku zokubhala izivivinyo zikaMatikuletsheni, sekuqualile ukuzwakala emaphephandaben, emisakazweni nakomabonakude izehlakalo zokuzama ukuzibulala kwabafundi ngenxa yokwesaba lezi zivivinyo. Wena-ke njengomhleli wephephandaba **iNtathakusa**, ubone kungcono ukuba nawe uphonse esivivaneni ukhuze lo mhlola. Bhala **umbono (edithoriyali)** wakho njengomhleli. [30]

**NOMA**

- 2.4 Iphephandaba eliphuma nsukuzonke endaweni yangakini likucele ukuba ubhale ngalesi sihloko ephephandaben labo. **Okumele Kwenziwe Abazali Ukukhulisa Izingane Zabo Ngendlela Efanele**. Bhala **isiqeshana/i-athikhili** ngalesi sihloko. [30]

**AMAMAKI ESIQEPHU B:** **30**

**ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO****UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

- 3.1 Lungisa isaladi yemifino noma yezitshalo ezohambisana nokudla okulungisile kwangeSonto emini. Bhala **umyalelo** uchaze ukuthi le saladi uzoyenza kanjani. Sebenzisa lezi zihlokwana ezilandelayo.

- Izithako
- Indlela yokwenza
- Inani labantu abangayidla

[20]

**NOMA**

- 3.2 Ucele udadewenu ohlala kwesinye isiFundazwe ukuba akuthumele izincwadi ezine kodwa uthole ezintathu kuphela. Bhala **iphosikadi** ubonge, umtshela angabe esakhathazeka ngalena angayitholanga.

[20]

**NOMA**

- 3.3 Endaweni yangakini nigquqquzela umcimbi wokuqhudelana komculo wesicathamiya. Bhala **isikhangisi** salo mcimbi esizoheha ngisho nabantu abangalukhonzie lolu hlobo lomculo.

[20]

**AMAMAKI ESIQEPHU C:** **AMAMAKI ESEWONKE:**

**20**  
**100**